

Kusuka Emlilweni Kuye Esigodlweni



NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku:

Daniyeli 3, Isambulo 13:11-18, Eksodusi 20:3-6, Duter. 6:4, 1 Korinte 15:12-26; Heberu 11.

Indimana Yekhanda:

“UNKulunkulu wethu esimkhonzayo unamandla okusikhulula esithandweni somlilo ovuthayo; yebo, uyakusikhulula esandleni sakho, nkosi” (Daniyeli 3:17).

Ngalendlela lamadodana agcwaliswe ngoMoya oNgcwele, amemezela ukukholwa kwawo esizweni sonke, ukuthi Lowo abamkhonzayo uYena kuphela uNkulunkulu weqiniso nophilayo. Lobufakazi ngokukholwa kwabo kwakuyibona bugagu obungaphezu kwabo bonke ngenkolo yabo. Ukuze batshengise abakhonzi-zithombe ngamandla nobukhulu bukaNkulunkulu ophilayo, izinceku zaKhe zimelwe ukubonakalisa ukuthi ziyamhlonipha uNkulunkulu. Azikwenze kucace ukuthi uYena yedwa ezimkhonzayo nezimдумisayo, nokuthi ayikho enye into, ngisho nokuphephisa ukuphila kwazo uqobo, engaziheha ukuthi zithobebe ukukhona izithombe. Lezifundo zinomthelela oqonde-ngqo empilweni yethu kulezi nsuku zokugecina.”—Ellen G. White, In Heavenly Places, ikhasi 149. Nakuba ukubhekana nengozi yokubulawa ngenxa yenkolo yakho kungabukeka njengento yaleziya zikhathi zobumyama, iBhayibheli lisitshela ukuthi ekupheleni kwesikhathi, lapho umhlaba sewukhanyiselwe yimpucuko, kuyokwenzeka okufanayo, kodwa ngaleso sikhathi kwenzeka emhlabeni wonke. Kanjalo-ke, ngokufunda lendaba, sithola ukukhanyiselwa ngezigeameko iMibhalo ethi abathembekile bakaNkulunkulu bayohlangabezana nazo.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika 25 Masingana.*

Isithombe Segolide

Funda kuDaniyele 3:1-7. Ngabe yini eyaqhuba inkosi ukuthi yakhe lesithombe na?

Kungenzeka ukuthi kwakuyiminyaka engamashumi amabili phakathi kwephupho nokwakhiwa kwesithombe. Noma kunjalo, kuyabonakala ukuthi inkosi ngeke isalikhohlwa iphupho, nokuthi iBhabhiloni liyochithwa eminye imibuso. Ngokungeneliswa ukuba yikhanda legolide-nje, inkosi ifuna ukufanekiswa yisithombe sonke segolide ukuze abalandeli bayo babone ukuthi umbuso wayo uyohlala njalo emlandweni.

Loku kuziphakazisa kusikhumbuza abakhi bombhoshongo waseBhabheli, okwathi ekuziphakamiseni kwabo, bazama ukuphonsela uNkulunkulu uqobo inselele. Ukuziphakamisa kukaNebukadinesari lapha akwehlukile. Kuningi akwenza njengombusi waseBhabhiloni, manje ukuthola kulukhuni ukwamukela ukuthi umbuso wakhe uyodlula ngelinye ilanga. Ngakho-ke, ezama ukuziphakamisa, wakha isithombe sokutshengisa amandla akhe, okwakuzokuthi ngaso, avivinye ukwethembeka kwesizwe sakhe. Nakuba kungacacile ukuthi isithombe kwakuhloswe ngaso ukumela inkosi noma isithixo sayo, asikhumbule ukuthi endulo wawumncane umugqa ohlukanisa ezombuso nezenkolo, uma wawukhona.

Asikhumbule futhi, ukuthi uNebukadinesari usethole amathuba amabili okwazana noNkulunkulu weqiniso. Elokuqala, uvivinye abafana bamaHeberu, abathole behlakaniphe kashumi ukwedlula abanye baseBhabhiloni. Kwase kuthi emuva kokuba zonke izazi zehlulekile ukumkhumbuza iphupho lakhe, uDaniyele uyamtshela ukuthi uphupheni kanye nencazelo yalo iphupho. Okokugcina, inkosi iyabona ukuthi uNkulunkulu kaDaniyele mkhulu. Kodwa kuyamangalisa ukuthi lezo zifundo ngoNkulunkulu azimvimbeli ukuba angabuyeli ekukhonzeni izithombe. Yini indaba? Cisho ukuziphakamisa. Abantu benyama nabagcwele isono abafuni ukuvuma ukuthi lokho abakwazile ukukwenza kanye nokuhlakanipha kwabo kuyize nokuthi kuzodlula. Ngezinye izikhathi nathi senza izinto njengawo “Nebukadinesari” abancane ngokuthi sinake ngokweqile lokho esiphumelele kukona, sikhohlwe ukuthi akubalulekile kangakanani uma kuqhathaniswa nephakade.

Singagwema kanjani ukuwela, ngisho nangendlela efihlakele, esihibeni okwawela kuso uNebukadinesari na?

Ubizo Lokukhonza

Funda kuDaniyeli 3:8-15 neSambulo 13:11-18. Yikuphi okufanayo esikubonayo phakathi kwalokho okwenzeka ngesikhathi sikaDaniyeli nalokho okuzokwenzeka esikhathini esizayo?

Isithombe segolide esasimi ethafeni laseDura, ogama laso kwakungu Akkadiyani, okusho “indawo ebiyelwe,” senza leyondawo ebiyelwe ibe yindawo yokukhonzela ebanzi. Ukwenzela lapho, isithando somlilo esasiseduze nalapho sinikeza umqondo we-altare. Umculo waseBhabhiloni nawo kwakudingeka ukuba ube yinxenye yokukhonza. Kubalwe izinhlobo eziyisikhombisa zezinsimbi zomculo, sengathi kwenzelwa ukuphelela nokuba namandla okukhonza kwabo.

Namhlanje, sithola imilayezo nxazonke, isitshela ukuthi asisebenzise izindlela ezintsha zokuphila, izimfundiso ezintsha, sishiye ukuzinikela kwethu kuNkulunkulu njengoba kushiwo eZwini laKhe, ukwethembeka kwethu sikunike iBhabhiloni lanamhlanje. Ukuheha kwezwe ngezinye izikhathi kubonakala kunamandla amakhulu, kodwa asikhumbule ukuthi ukwethembeka kwethu akube kuNkulunkulu onguMdali.

Ngokusho kwenkomba yesiprofetho, siphila ezinsukwini zokugcina zomlando womhlaba. Isambulo 13 simemezela ukuthi abakhileyo emhlabeni bazobizelwa ukuba bakhonze umfanekiso wesilo. Lowo mfanekiso uyokwenza “ukuba bonke, abancane nabakhulu nabacebileyo nabampofu, nabakhululekileyo nabayizigqila, bazibeke uphawu esandleni sabo sokunene noma ebunzini labo “ (Isambulo 13:16).

Yizigaba zabantu eziyisithupha okuthiwa zikhonza umfanekiso wesilo: “abancane nabakhulu, abacebile nabampofu, abakhululekile nezigqila.” Isibalo sesilo esingu 666, naso sigcizelela inombolo yesithupha. Lokhu kuyatshengisa ukuthi isithombe esakhiwa nguNebukadinesari umfanekiso-nje walokho iBhabhiloni lezinsuku zokugcina eliyokwenza (bheka kuDaniyeli 3:1 okushiwoyo ngesithupha namashumi ayisithupha). Ngakhoke kuzosisiza ukuqaphela lokho okwenzekayo kulendaba, nendlela uNkulunkulu ngobukhosi baKhe ahola ngayo ezindabeni zomhlaba.

Ukukhonza akusikho-nje ukukhothamela into noma umuntu, usho ngokusobala ukuthi uyamkhonza. Yiziphi ezinye izindlela, ezifihlakele, esingazithola sesikhonza ngazo okunye ngaphandle kweNkosi yethu na?

Ukuvivinywa Ngomlilo

Kulabafana abathathu bamaHeberu, ukukhonza isithombe okwakumiswe yinkosi kuyinkolo-mbumbulu yokukhonza kwasethempelini laseJerusalema, ababekwenza eminyakeni engaphambili. Nakuba benezikhundla embusweni futhi bethembekile enkosini, ukukholeka kwabo kuNkulunkulu kubabekela imingcele yokwethembeka kwabo ebantwini. Basazimisele ukuba yizinceku zenkosi njengabaphathi abathembekile; kodwa, ngeke bazihlanganise nomgidi wokukhonza isithombe.

Funda kuEksodusi 20:3-6 noDuteronomi 6:4. Lezindimana zisithelani okuyikona okwaba nomthelela wokuthi labafana bame ngalendlela na?

Ngokulandela umyalo okhishwe yinkosi, bonke abantu bayaguqa bakhonza isithombe segolide ngokukhala kwezinsimbi zomculo. Yilaba abathathu kuphela, uShadiraki, noMeshaki, noAbedi Nego abanesibindi sokungawunaki lomyalo wenkosi. Ngaso leso sikhathi abanye baseBhabhiloni batshela inkosi ngalokho. Lezimpimpi zihlose ukuvusa ulaka lwenkosi ngokuthi: (1) inkosi uqobo eyabeka labafana abathathu ezikhundleni eBhabhiloni; (2) labafana bamaJuda ababakhonzi onkulunkulu benkosi; futhi (3) abasikhonzi isithombe segolide esimiswe yinkosi (Daniyeli 3:12). Kodwa, phezu kolaka lwayo inkosi, ibanika ithuba lesibili. Izimisele ukuphinda lonke uhlelo ukuze labafana bahoxise ukuma kwabo, bakhonze isithombe. Uma benqaba, bayophonswa esithandweni somlilo ovuthayo. UNebukadinesari uvala inkulumo yakhe ngamazwi okuzikhukhumeza okukhulu: “ngumuphi lowo nkulunkulu oyakunikhulula ezandleni zami?” (Daniyeli 3:15).

Labafana sebephiwe isibindi yizulu, baphendula bathi enkosini: “Uma kunjalo, uNkulunkulu wethu esimkhonzayo unamandla okusikhulula esithandweni somlilo ovuthayo, yebo, uyakusikhulula esandleni sakho, nkosi. Kepha noma kungenjalo, makwazeke kuwe nkosi ukuthi asiyikukhonza onkulunkulu bakho, ngeke sakhuleka esithombeni segolide osimisileyo” (Dan. 3:17, 18).

Nakuba bazi-nje ukuthi uNkulunkulu wabo angabakhulula, abanaso isiqiniseko sokuthi uzobakhulula. Kodwa, bayenqaba ukulalela umyalo wenkosi, yize bazi ukuthi bangashiswa bephila. Singakutholaphi ukukholwa okunjalo?

Umuntu Wesine

Funda kuDaniyeli 3:19-27. Kwenzekani? Ubani lomuntu wesine emlilweni?

Esewaphonse emlilweni lamaHeberu athembekile, uNebukadinesari uyadideka ngokubona umuntu wesine phakathi emlilweni. Ngalo lonke ulwazi analo, uchaza lo wesine njenge “Ndodana kaNkulunkulu” (Dan. 3:25).

Inkosi ayichazi okunye, kodwa siyazi ukuthi ubani lowo wesine. Wazibonakalisa kuAbrahama ngaphambi kokubhujiswa kweSodoma neGomora, wabambana noJakobe osebeni lomfula iJaboki, wazibonakalisa kuMose esihlahleni esivuthayo. NguJesu Krestu ngesimo saKhe engakazalwa emhlabeni, ezotshengisa ukuthi uNkulunkulu umi nabantu baKhe ekukhathazekeni kwabo.

U-Ellen G. White uthi: “Kodwa uNkulunkulu akazange abakhohlwe abaKhe. Njengoba ofakazi baKhe babephonswa emlilweni, uMsindisi wazibonakalisa mathupha kubona, bobane bahambahamba emlilweni. Phambi kobuso beNkosi yokushisa nokubanda, amalangabi awabanga namandla okushisa.”—*Prophets and Kings*, amakhasi 508, 509. Njengoba esho uNkulunkulu kuIsaya, “‘Lapho udabula emanzini, mina nginawe, nasemifuleni, ayiyikukukhukhula; lapho uhamba emlilweni, awuyikusha, nelangabi aliyikukushisa’” (Isaya 43:2).

Noma-nje sizithanda izindaba ezifana nalena, ziletha imibuzo ngabanye abangakhululwanga ngendlela emangalisayo ekushushisweni kwabo ngenxa yenkolo. Labafana babekwazi okwenzeka kuIsaya noZekariya, ababulawa amakhosi angakholwa. Kuwo wonke umlando wezenkolo, kuze kube namhlanje, amaKrestu athembekile kuye kwadingeka ukuthi abekezelele ukuhlupheka okwesabekayo okwaholela ekufeni okubuhlungu, hhayi ekukhululweni ngendlela emangalisayo. Lena, enye indlela abathembekile abathola ngayo ukukhululwa ngendlela emangalisayo kodwa, njengoba sazi, izinto ezinje azivamile ukwenzeka.

Ngakolunye uhlangothi, yikuphi ukukhululwa okumangalisayo bonke abathembekile bakaNkulunkulu abayokuthola, kungakhathalekile ukuthi lapha emhlabeni behlelwa yini na? (bheka ku 1 Korinte 15:12-26).

Imfihlakalo Yokukholwa Okunje

Uma sizindla ngalokho okwenzeka kuShadiraki, uMeshaki, no-Abedi Nego, siyazibuza ukuthi: Yini imfihlakalo yokukholwa okunamandla kangaka? Kwakungenzeka kanjani ukuthi bazimisele ukushiswa bephila kunokuba bakhonze isithombe? Cabanga ngazo zonke izindlela ababengenza ngazo izaba zokukhothamela isithombe. Kodwa yize babazi ukuthi bangase bafe, njengabanye abaningi, noma kunjalo bema baqina.

Funda kumaHeberu 11. Sifundani lapha mayelana nokuthi kuyini ukukholwa na.?

Ukuze sibe nokukholwa okunje, sidinga ukwazi ukuthi kuyini ukukholwa. Abanye abantu ukukholwa bakuqonda ngobuningi; balinganisa ukukholwa kwabo ngezimpendulo abazithola zivela kuNkulunkulu. Baya enxanxatheleni yezitolo, bathandazele indawo yokupaka imoto. Uma beyithola befika-nje, bathi banokukholwa okunamandla, okwenza uNkulunkulu ezwe imithandazo yabo. Umcabango onjalo ngokukholwa uyingozi ngoba uzama ukusonta ingalo kaNkulunkulu, akusebenzisi ubukhosi nokuhlakanipha kukaNkulunkulu.

Yebo, ukukholwa kwangempela, okufana nokwabonakaliswa abangane bakaDaniyeli, kulinganiswa ngezinga lobudlelwane bethu noNkulunkulu, nokumethemba okuphelele okulandela lapho. Ukukholwa kweqiniso akuzami ukugoba intando kaNkulunkulu ukuze ihambisane nokufunwa yithina; kunalokho, kunikela intando yethu entandweni kaNkulunkulu. Njengoba sibonile, labafana abathathu bamaHeberu babengazi ukuthi uNkulunkulu uzobenzelani ngesikhathi bekhetha ukuphonsela inkosi inselele ngokuhlala bethembekile kuNkulunkulu. Bakhetha ukwenza into efanelekile noma umphumela kungaba yini. Yilokho-ke ukukholwa kwangempela. Sibonakalisa ukukholwa kweqiniso uma sithandaza kuNkulunkulu sicela esikufisayo, kodwa simethembe ukuthi uzosenzela okuyikona okuhle, yize noma ngalowo mzuzu singaqondi ukuthi kwenzekani, nangasizathu sini.

Yiziphi izindlela esingasebenzisa ngazo ukukholwa imihla ngemihla, nasezintweni “ezincane” ezingasiza ukukhulisa ukukholwa kwethu, silungele izinselele ezinkulu ngokuhamba kwesikhathi? Kungani, ngezindlela eziningi, ukuvivinywa “ngezinto ezincane” kuyikho okubaluleke kakhulu na?

Ukujula Nomcabango:

“Zibalulekile izifundo okufanele sizifunde kulokho okwenzeka kulabafana bamaHeberu ethafeni laseDura. Kulezinsuku zethu, izinceku zikaNkulunkulu eziningi, noma zingenacala, zizonikelwa ukuba zihlushwe, zihlukunyezwe yilabo abaqhutshwa nguSathane, abagcwele umona nokungabekezeleli ukukhonza kwabanye. Ulaka lwabantu luyovutha kakhulu ngakulabo abagcina ngcwele iSabatha lomyalo wesine; bese ekugcineni, kuphume umthetho ezweni lonke othi lezinceku zifanele ukufa.

“Isikhathi sokuhlupheka esiphambi kwabantu bakaNkulunkulu sizodinga ukukholwa okungenakunyakaziswa. Abantwana baKhe badinga ukukwenza kucace ukuthi bakhonza Yena Yedwa, nokuthi ayikho enye into, ngisho nokuphila imbhala, engabaheha ukuthi bachezukele enkolweni yamanga. Kulowo onenhliziyi ekhokile, imiyalo yabantu iyoshabalala uma iqhathaniswa nezwi likaNkulunkulu laphakade. Bayolilalela iqiniso noma umphumela kuwukuboshwa noma ukudingiswa noma ukufa.”—Ellen G. White, *Prophets and Kings*, amakhasi 512, 513.

Imibuzo Yokuxoxisana:

- 1. Funda ku 1 Petru 1:3-9. Kungani uNkulunkulu ekhulula abanye kodwa hhayi abanye ekuhluphekeni? Noma mhlawumbe impendulo yombuzo ofana nalona into esingeke siyithole okwamanje? Lapho kungenzeki khona ukukhululwa ngendlela emangalisayo, sidinge ngani ukwethemba ukulunga kukaNkulunkulu noma singakhululwanga na?**
- 2. Ukuba lesigigaba sasiphethe ngokufa kwalabafana esithandweni somlilo, sasingathola ziphi izifundo kulokho?**
- 3. Ngokuqonda kwethu izigigaba zezikhathi zokugcina, kuyokuba yini uphawu olubonakala ngaphandle, udaba olubangwayo, maqondana nokuthi sikhonza bani na? Lokhu kufanele kusitsheleni ngokubaluleka kweSabatha?**
- 4. Funda kuLuka 16:10. Amazwi kaKrestu lapha asisiza kanjani ukuqonda ukuthi kusho ukuthini ukuphila ngokukholwa ngempela na?**
- 5. Phinda ufunde uDaniyeli 3:15, lapho uNebukadinesari ethi: “Ubani lowo Nkulunkulu onganikhulula ezandleni zami?” Ungawuphendula kanjani lowo mbuzo na?**